“**usuku**” kushiwo usuku lwekhalenda;

“**umnyango**” kushiwo uMnyango wezeMfundo waKwaZulu-Natali;

**“usuku lokhetho”** kushiwo usuku olubekwe isigungu esilawulayo sesikole ngenhloso yokubamba ukhetho lwesigungu esilawulayo sesikole esikhundleni sokuthi kubanjwe umhlangano wokhetho;

**“umhlangano wokhetho”** kushiwo –

- (a) imihlangano emine eyahlukene ebanjelwa ukuthi kuphakanyiswe futhi kuqokwe abazali bodwa, othisha bodwa, abangesibona othisha bodwa kanye nabafundi bomkhandlu omele abafundi bodwa, njengoba kungaba njalo; kanye
- (b) nomhlangano wokhetho lokuchibiyela;

**“abaqaphi bokhetho”** kushiwo izikhulu noma abaholi bomphakathi abaqokwe yithimba lesifundazwe noma lesifunda elibhekele ukhetho abagunyazwe iNhloko yoMnyango njengabaqaphi, njengezinduna noma njengababhekele ukhetho;

**“umhlangano wokuqala”** kushiwo umhlangano obanjelwe ukuthi kuqokwe abazongena ezikhundleni;

**“iLungu loMkhandlu oPhethe”** kushiwo iLungu loMkhandlu oPhethe elibhekele ezemfundo esiFundazweni saKwaZulu-Natali;

**“ongesiyena uthisha”** kushiwo noma yimuphi umsebenzi oqashwe esikoleni ongesiyena uthisha;

**“isikole”** kushiwo isikole esijwayelekile sikahulumeni esifunda abafundi ebangeni elilodwa noma ngaphezulu kusukela ebangeni R kuya ebangeni le- 12;

**“isikhulu sokhetho sesikole”** kushiwo uthishanhloko, ibamba likathishanhloko noma isikhulu esingaqashiwe esikoleni, esiqokwe yiNhloko yoMnyango ukuthi siqhube ukhetho lwesigungu esilawulayo sesikole;

**“iNhloko yoMnyango”** kushiwo iNhloko yoMnyango wezeMfundo esiFundazweni saKwaZulu-Natali;

**“umvoti”** kushiwo umzali emkhakheni wabazali, uthisha emkhakheni wothisha, ongesiyena uthisha emkhakheni wabangesibona othisha kanye nomfundi emkhakheni womkhandlu omele abafundi.

### **Ubulungu esigungwini esilawulayo sesikole**

2.(1) Isigungu esilawulayo sesikole esengamele isikole esisodwa siqukethe la malungu alandelayo –

- (a) abazali babafundi abafunda esikoleni okuqokwa kusona isigungu esilawulayo, abangaphezulu ngelungu elilodwa noma ngaphezulu kwesibalo samalungu anelungelo lokuvota okukhulunywe ngawo esigabeni somthetho 2(1)(b), (c), (d) no (e) ngezansi esehlangene;
- (b) uthisha oyedwa oqokwe othisha abaqashwe esikoleni okuqokwa kusona isigungu esilawulayo uma kunothisha abane noma ngaphansi abaqashwe kuleso sikole, noma othisha ababili uma bebahlanu noma ngaphezulu othisha abaqashwe kuleso sikole;
- (c) oyedwa ongesiyena uthisha oqashwe esikoleni okuqokwa kusona isigungu esilawulayo;
- (d) abafundi ababili abaqokwa phakathi kwabafundi abasemkhandlwini omele abafundi esikoleni esinebanga lesishi yagalombili noma elingaphezulu;
- (e) uthishanhloko, ngokwesikhundla sakhe; kanye
- (f) namalungu engeziwe, uma ekhona.

### **Isikhathi sokuba sesikhundleni**

3.(1) Isigungu esilawulayo siqokelwa iminyaka emithathu ngaphandle uma iLungu loMkhandlu oPhethe linqume okunye.

(2) ILungu loMkhandlu oPhethe liyonquma isikhathi sokuba sesikhundleni kwesigungu kanye nezikhathi okuzobanjwa ngazo ukhetho kuzo zonke izikole.

(3) Uma isigungu esilawulayo –

- (a) sinezinyanga eziyisithupha noma ngaphansi ezisele ngaphambi kokuba kuphele isikhathi saso sokuba sesikhundleni, iLungu loMkhandlu oPhethe, uma lingahambisani nokulinda lesi sikhathi, lingayalela ukuthi ukhetho lubanjwe ngosuku olunqunywe yilona; noma
- (b) sinezinyanga ezingaphezulu kweziyisithupha ngaphambi kokuba kuphele isikhathi saso sokuba sesikhundleni, iLungu loMkhandlu oPhethe, ngemva kokubonisana naleso sigungu esilawulayo esithintekayo, linganquma usuku okumele kubanjwe ngalo ukhetho uma lingahambisani nokulinda isikhathi esisasele sokuba sesikhundleni.

(4) Kuncike ezigabeni zomthetho 3(3) no 4(2), wonke amalungu ngaphandle kwabafundi abaqokwe emkhandlwini omele abafundi ngokwesigaba somthetho 2(d) eqokelwa isikhathi esiyiminyaka emithathu.

(5) Isikhathi sokuba sesikhundleni selungu lesigungu esilawulayo elingumfundi eliqokwe ngokwesigaba somthetho 2(d) siwunyaka owodwa.

(6) Kuncike esigabeni somthetho 3(3), 4 no 18, ilungu lesigungu esilawulayo liba kuleso sikhundla kuze kuphele isikhathi sokuba sesikhundleni kwesigungu esilawulayo.

(7) Uma iNhlolo yoMnyango inquma ngezizathu ezizwakalayo ukuthi isigungu esilawulayo sesiwuphothulile umsebenzi ebesijutshelwe wona ngokoMthetho noma sehlulekile ukwenza umsebenzi owodwa noma ngaphezulu, iNhlolo yoMnyango ingayihoxisa imisebenzi yayo bese –

- (a) iqoka abantu abenele ukuqhuba yonke leyo misebenzi noma owodwa noma ngaphezulu yesigungu esilawulayo isikhathi esingeqile ezinyangeni ezintathu;
- (b) ingelula isikhathi okukhulunywe ngaso esigatshaneni somthetho 7(a) isikhathi esingeqile ezinyangeni ezintathu isikhawu ngasinye kodwa leso sikhathi singeqi onyakeni owodwa uma sesihlanganisiwe;
- (c) kumele iqinisekise ukuthi isigungu esilawulayo sikhethwa onyakeni owodwa ngemuva kokuqokwa komuntu okukhulunywe ngaye esigatshaneni somthetho 7(a).

(8) Kuncike esigabeni somthetho 4, ilungu lesigungu esilawulayo lingaphinde liqokwe noma lengezwe, njengoba kungaba njalo, uma sekuphele isikhathi salo sokuba sesikhundleni.

#### **Ukwakheka kanye nokufaneleka**

4.(1) Laba abalandelayo bayoba ngabafanelekile ukuthi baqokwe njengamalungu esigungu esilawulayo –

- (a) abazali babafundi bakuleso sikole;
- (b) othisha abaqashwe kuleso sikole;
- (c) okungesibona othisha abaqashwe kuleso sikole; kanye
- (d) nabafundi abasemkhandlwini omele abafundi abasebangeni lesishiyagalombili kuyaphezulu kuleso sikole.

(2) Akekho umuntu oyoqokwa njengelungu lesigungu esilawulayo uma –

- (a) eke watholakala enecala wagwetshwa izinyanga eziyi-12 ebhadla ejele ngaphandle kokubonelelwa ngokuthi akhokhe inhlawulo okungaba kwiRiphabhulikhi

noma ngaphandle kweRiphabhulikhi, uma isenzo sakhe siyicala kwiRiphabhulikhi, angeke athathwe njengosegwetshiwe kuze kube –

- (i) kuthathwa isinqumo ngesikhalo sesigwebo sakhe; noma
  - (ii) isikhathi sakhe skudlulisa isikhalo sesiphelile,
- kuncike ekutheni ukuhoxiswa ngaphansi kwale ndima kuyophela eminyakeni emihlanu ngemva kokuphothulwa kwesigwebo;
- (b) emenezelwe yinkantolo esemthethweni njengongaphilile kahle engqondweni;
  - (c) ecwile ezikweletini ngokungenakuhlengeka;
  - (d) engumzali kodwa engesona isakhamuzi saseNingizimu Afrika noma engenayo imvume yokuhlala ngaphandle uma egunyazwe iNhloko yoMnyango;
  - (e) engumzali kodwa engasenayo ingane efunda esikoleni; noma
  - (f) engumfundi kodwa engesilona ilungu lomkhandlu omele abafundi;
  - (g) etholwe enecala lokuziphatha kabi ngesikhathi sokuqondiswa kwezigwegwe.

(3) Ilungu liyasishiya isikhundla salo uma –

- (a) lingahlangabezani nezidingo ezibekwe ezigabeni zomthetho 4(1) no (2);
- (b) lesula noma kunqanyulwa kobulungu balo;
- (c) liyilungu eliqokwe ngokwesigaba somthetho 2(a) futhi elingasenayo ingane efunda esikoleni;
- (d) liyilungu eliqokwe ngokwesigaba somthetho 2(b) noma (c) futhi eselixoshiwe, noma elidluliselwe noma elisiselwe kude naleso sikole;
- (e) lishonile;
- (f) liyilungu eliqokwe ngokwesigaba somthetho 2(d) futhi lingasafundi kuleso sikole esithintekayo;
- (g) liphuthe emihlanganweni emibili ejwayelekile yesigungu esilawulayo ngaphandle kokuletha incwadi yesixoliso;
- (h) lingaselona ilungu lomkhandlu omele abafundi; noma
- (i) litholwe linecala lokuziphatha kabi ngesikhathi sokuqondiswa kwezigwegwe.

### **Ukuqokwa kwezikhulu zokhetho zesiFundazwe**

5.(1) INhloko yoMnyango kumele iqoke ngokubhalwe phansi isikhulu sokhetho sesiFundazwe, isekela lesikhulu sokhetho sesiFundazwe kanye nabasizi bezikhulu zokhetho.

(2) Isikhulu sokhetho sesiFundazwe kumele –

- (a) siqinisekise ukuthi ukhetho lukhangiswa ngokwanele;
- (b) silawule ukuqokwa kwesikhulu esisodwa noma ngaphezulu esizosebenzela uMnyango ukwelekelela okhethweni njengomsizi wezikhulu zokhetho

zesiFundazwe;

- (c) siqinisekise ukuthi kuyahanjiswa nomthetho wesifundazwe omayelana nokubanjwa kokhetho;
- (d) sihlanganise uhlelo lokhetho lwazo zonke izikole esiFundazweni;
- (e) siqaphe ukufundiswa kwamalungu amasha esigungu esilawulayo; futhi
- (f) senze uphenyo njengokuyalelwa iNhloko yoMnyango.

(3) Isekela lesikhulu sokhetho sesifundazwe kanye nabasizi bezikhulu zokhetho besifundazwe basiza isikhulu sokhetho sesifundazwe ekuqhubeni imisebenzi yaso.

#### **Ukuqokwa kwezikhulu zokhetho zezifunda**

6.(1) INhloko yoMnyango kumele iqoke ngokubhalwe phansi isikhulu sokhetho sesifunda, isekela lesikhulu sokhetho sesifunda kanye nabasizi bezikhulu zokhetho zezifunda.

(2) Isikhulu sokhetho sesifunda kumele –

- (a) silawule ukuqokwa kwesikhulu esisodwa noma ngaphezulu esizosebenzela uMnyango ukwelekelela okhethweni njengomsizi wesikhulu sokhetho sesifunda;
- (b) silawule ukuqokwa kwezikhulu zokhetho zezikole;
- (c) sisabalalise uhlelo lokhetho lwazo zonke izikole esifundeni;
- (d) siqinisekise ukuhambisana nohlelo lokhetho;
- (e) siqinisekise ukuthi zonke izikole zinohlu olusemthethweni lwabavoti;
- (f) sisungule futhi silawule ibhuku lamalungu amasha aqokelwe esigungwini sokulawula esifundeni futhi senze ukuthi ibhuku litholakale eMnyangweni;
- (g) siqinisekise ukuthi amalungu amasha aqokelwe esigungwini esilawulayo afundisiwe ngomsebenzi esikhathini esiyizinyanga ezintathu eqokiwe; futhi
- (h) sixazulule izinkinga ezimayelana nokhetho lwesigungu esilawulayo sesikole njengoba kuhlangozwe esigabeni somthetho 16.

(3) Isekela lesikhulu sokhetho sesifunda kanye nabasizi bezikhulu zokhetho zezifunda bayosiza isikhulu sokhetho sesifunda ekwenzeni imisebenzi yaso.

(4) Isekela lesikhulu sokhetho sesifunda kanye nomsizi wesikhulu sokhetho bezifunda bangahlinzeka isikhulu sokhetho sesifunda ngezuleko mayelana nanoma yiluphi udaba olumayelana nokhetho.

### **Ukuqokwa kwezikhulu zokhetho zezikole**

7.(1) INhloko yoMnyango kumele iqoke ngokubhalwe phansi isikhulu sokhetho sesikole uma kuqokwa abazali, othisha, abangesibona othisha kanye nabafundi abasemkhandlwini omele abafundi njengamalungu esigungu esilawulayo.

(2) Uthishanhloko angeke aqokelwe ekubeni yisikhulu sokhetho sesikole aqashwe kusona.

(3) Isikhulu sokhetho sesikole kumele siqoke ngokubhalwe phansi isikhulu esisodwa noma ngaphezulu noma othisha abasebenzela uMnyango noma abaqashwe yisigungu esilawulayo ukwelekelela okhethweni njengabasizi bezikhulu zokhetho.

(4) Isikhulu sokhetho sesikole kumele sengamele kuyona yonke imihlangano yokhetho kuhlanganisa nokhetho lokuchibiyela kanye nokhetho lwabazongena ezikhundleni kwisigungu esilawulayo.

(5) Isikhulu sokhetho sesikole kanye nomsizi wesikhulu sokhetho sesikole angeke baphakanyiswe, bafake izicelo noma bavune ophakanyisiwe.

### **Isifungo noma isibopho sokugcinwa kwezimfihlo**

8. Zonke izikhulu zokhetho kumele zisayine isifungo noma isibopho sokugcina izimfihlo ngendlela enqunywe iNhloko yoMnyango ngaphambi kokuthi ziqale ukusebenza kulezo zikhundla.

### **Isaziso somhlangano wokhetho**

9.(1) Uthishanhloko wesikole esizobamba umhlangano wokhetho kumele –

(a) anqume usuku, isikhathi kanye nendawo okuyobanjelwa kuyona umhlangano wokhetho; futhi

(b) akhiphe isaziso esibeka usuku, isikhathi kanye nendawo yomhlangano wokhetho.

(2) Okungenani ezinsukwini ezingama-21 ngaphambi kosuku lomhlangano wokhetho, uthishanhloko wesikole esithintekayo kumele –

(a) anikeze bonke abafundi esikoleni ikhophi yesaziso somhlangano wokhetho futhi abayalele ngomlomo ukuthi banikeze abazali babo isaziso noma athumele leyo khophi yesaziso kubazali ngeposi;

(b) anikeze othisha kanye nalabo abangesibona othisha ikhophi yaleso saziso;

(c) aqinisekise ukuthi ikhophi yaleso saziso inanyathiselwe endaweni esobala kuleso sikole esithintekayo nakunoma iyiphi enye indawo efanele; futhi

(d) anikeze ilungu ngalinye lomkhandlu omele abafundi ikhophi.

(3) Uma kuyisikole esisha, ukhetho kumele lubanjwe ezinsukwini ezingama-60 kusungulwe lesi sikole.

#### **Uhlu lwabavoti**

**10.(1)** Uthishanhloko kumele alungise uhlu lwabavoti ngalunye kule mikhakha elandelayo –

- (a) abazali;
- (a) othisha;
- (b) abangesibona othisha;
- (c) abafundi abasemkhandlwini omele abafundi.

(2) Uthishanhloko kumele alungise uhlu lwabavoti asebenzise –

- (a) incwadi yokwamukelwa komfundi kubazali;
- (b) incwadi yokuqoshwa kwesikhathi kothisha;
- (c) incwadi yokuqoshwa kwesikhathi kwabangesibona othisha; kanye
- (d) nerejista kubafundi abasemkhandlwini omele abafundi.

(3) Uthishanhloko kumele okungenani kusasele izinsuku ezingama-21, aqinisekise ukuthi uphathisa abafundi incwadi evela eMnyangweni ukunxenxa abazali ukuthi bavuselele imininingwane yabo esesikoleni.

(4) Okungenani kusasele izinsuku eziyi-14 ngaphambi kokuthi kubanjwe umhlangano wokuvota, uthishanhloko kumele avumele labo abangakwazi ukuvota ukuthi bahlole uhlu lwabavoti.

(5) Noma yisiphi isikhalo esimayelana nohlu lwabavoti kumele sibhekiswe kuthishanhloko kusasele okungenani izinsuku eziyisikhombisa kubanjwe ukhetho.

#### **Imihlangano yokhetho**

**11.(1)** Ngaphandle uma kunezizathu eziphoqayo, zonke izikole kumele zibambe ukhetho lwezigungu ezilawulayo ngokuba nomhlangano wokhetho kanti futhi kumele kubanjwe imihlangano ehlukene –



- (a) yabazali
- (b) yothisha;
- (c) yabangesibona othisha; kanye
- (d) neyabafundi abasemkhandlwini omele abafundi.

(2) Isikhulu sokhetho sesikole kumele siqoke umsizi wesikhulu sokhetho sesikole ukuthi asebenze njengonobhala emihlanganweni futhi aqophe amaminithi emihlangano.

(3) Ngaphandle kwabaqaphe ukhetho kanye nomsizi wesikhulu sokhetho sesikole, isikhulu sokhetho sesikole akumele sivumele noma imuphi umuntu ongesiyena umvoti ukuthi ethamele umhlangano noma sivumele ukuthi kuqokwe umuntu ongalungenelanga ukhetho ngokwesigaba somthetho 4.

(4) Isikhulu sokhetho sesikole kumele sinxuse abavoti ukuthi baveze ubufakazi bokuthi bangobani ngokuthi baveze omazisi babo baseNingizimu Afrika noma amaphasisiphothi asemthethweni.

(5) Ngaphambi kokuqhubeka nokhetho lwamalungu esigungu esilawulayo, isikhulu sokhetho sesikole kumele siqwashise abavoti baqaphele ngalokhu okulandelayo –

- (a) ukuthi isikhathi sokuba sesikhundleni samalungu esigungu esilawulayo sesiphelile futhi amalungu asazisiwe ngokusemthethweni;
- (b) ukuthi umhlangano wokhetho ungumhlangano ovalekile;
- (c) izinhlinzeko zesigaba somthetho 4 eziveza umuntu ongafanelekile ukuthi yilungu lesigungu esila wulayo;
- (d) isibalo sabantu okumele baqokwe;
- (e) zonke iziphakamiso kumele zeseke umzali, uthisha, ongesiyena uthisha, umfundi osemkhandlwini omele abafundi, njengoba kungaba njalo, ofanelekile ukuthi avote;
- (f) ukuthi, ngesikhathi kwenziwa iziphakamiso, abavoti kumele babhekelele ukumeleleka futhi kumele baqinisekise ukuthi iziphakamiso zabo zimele ubulili, ibala futhi kumele zibandakanye ukuphakanyiswa kwabantu abanokukhubazeka;
- (g) umvoti ngamunye unevoti elilodwa esikhaleni okumele sigwaliswe;
- (h) kuvotwa ngephepha lokuvota eliyimfihlo; futhi
- (i) ikhona inqubo yokufaka izikhalo kulabo abangenelisekanga ngenqubo kanye nomphumela wokhetho.

### **Isibalo esivumelekile sabangabamba umhlangano wokhetho**

12.(1) Isibalo esivumelekile esingamaphesenti ayi-15 sabavoti abasohlwini lokuvota kumele sibe khona ngaphambi kokuthi kubanjwe noma yiluphi ukhetho.

(2) Uma isibalo okukhulunywe ngaso kwisigatshana somthetho (1) singahlangani, umhlangano kumele uhlehliselwe okungenani ezinsukwini eziyi-14 kodwa kungeqi ezinsukwini ezingama-21.

(3) Uma umhlangano wokhetho uhlehliswa njengoba kuhlangozwe esigabeni somthetho 12(2), isikhulu sokhetho sesikole kumele siqhubeke nomhlangano olandelayo kungakhathaleki ukuthi isibalo esivumelekile somhlangano siphelile noma asiphelile.

### **Iziphakamiso zomhlangano wokhetho**

13.(1) Isikhulu sokhetho sesikole esibambe umhlangano wokhetho kumele –

- (a) sinqume futhi sibeke isikhathi seziphakamiso;
- (b) sivumele isikhathi sokuthi kuqokwe abazongenela ukuqokwa uma sekusesigabeni sokwenza iziphakamiso; futhi
- (c) sazise abavoti ngesikhathi esibekiwe.

(2) Umuntu angaphakanyiswa noma engekho kuncike ekutheni –

- (a) omphakamisayo nalowo ovuna lesi siphakamiso bakhona emhlanganweni; futhi
- (b) umuntu ophakanyisiwe uthumela ngokubhaliwe ukwamukela ukuphakanyiswa kwakhe.

(3) Emhlanganweni wokhetho, ongenela ukhetho angaphakanyiswa ngokubhalwe phansi noma ngomlomo –

- (a) umzali womfundi ofunda kuleso sikole ukuthi asebenze ngokwesigaba somthetho 2(a);
- (b) uthisha oqashwe kuleso sikole ukuthi asebenze ngokwesigaba somthetho 2(b);
- (c) ongesiyena uthisha kodwa oqashwe kuleso sikole ukuthi asebenze ngokwesigaba somthetho 2(c); noma
- (d) umfundi osemkhandlwini omele abafundi ngokwesigaba somthetho 2(d),

kuncike ekutheni omunye umzali, uthisha, ongesiyena uthisha noma abafundi abasemkhandlwini omele abafundi, njengoba kungaba njalo, bayasivuna isiphakamiso futhi umuntu ophakanyiswayo uyosho emhlanganweni ngomlomo noma ngokubhalwe phansi uma engekho, ukuthi ukulungele ukusebenza njengelungu lesigungu esilawulayo, uma eqokiwe.

(4) Ngaphandle kokuhlenganiswa kohlu lwabaphakanyisiwe ngaphambi komhlangano wokhetho, isikhulu sokhetho sesikole kumele sivumele ukuphakanyiswa ngomlomo kwabazophakanyiswa futhi sivule ithuba elanele labaphakanyiswa ngomlomo.

(5) Ophakamisa ozongenela ukhetho nalowo omvunayo kumele babe khona emhlanganweni wokhetho futhi bagcwalise ifomu yeziphakamiso.

(6) Isikhulu sokhetho sesikole kumele –

- (a) sinike umuntu ophakamisa ozongenela ukhetho ithuba lokuthi ethule lowo amphakamisile emhlanganweni futhi anikeze izizathu zokumphakamisa kwakhe; noma
- (b) sivumele ophakanyisiwe ukuthi azethule yena ngokwakhe emhlanganweni.

(7) Ngesikhathi sokwenziwa kweziphakamiso, isikhulu sokhetho sesikole kumele samukele iziphakamiso futhi sichithe ukuphakanyiswa kwanoma yimuphi umuntu ozongenela –

- (a) ongaphakanyiswanga ngokuhambisana nesigaba somthetho 13(2) no 13(3); noma
- (b) ongafanelekile ngokwesigaba somthetho 4.

(8) Uma isibalo sabantu abaphakanyisiwe seqa isibalo sezikhala zomsebenzi, isikhulu sokhetho sesikole kumele ngokushesha ngemuva kokuvala ithuba leziphakamiso, sibhale phansi amagama abaphakanyisiwe ebhodini elifanele noma kunoma iyiphi indawo ecacile futhi ebonakalayo kuwo wonke umuntu owethamele umhlangano.

(9) Uma isibalo sabantu abaqokiwe silingana nezikhala zomsebenzi, isikhulu sokhetho sesikole kumele simemezele abantu abaphakanyisiwe njengasebeqokiwe.

(10) Ukuqhutshwa kokuqokwa kwabaphakanyiswayo kumele kuvalwe isikhulu sokhetho sesikole.

#### **Ukuvota**

14.(1) Umvoti ngamunye unevoti elilodwa esikhundleni ngasinye okumele sigcwaliswe sesigungu esilawulayo.

(2) Isikhulu sokhetho sesikole kumele sinxuse abavoti abakhona ukuthi bafake uphawu lwesiphambano (x) maqondana namagama abaphakanyisiwe ababakhethayo emaphepheni okuvota ayohlinzekwa yisikhulu sokhetho sesikole.

(3) Umuntu owehlulekayo ukufaka uphawu lwevoti lakhe ephepheni lokuvota njengoba kuhlangozwe esigabeni somthetho 14(2) angacela esikhulwini sokhetho sesikole noma kumsizi wesikhulu sokhetho ukuthi alekelelwe afake uphawu lwevoti eceleni kophakanyisiwe amkhethayo ephepheni lakhe lokuvota.

(4) Isikhulu sokhetho sesikole siyosiza noma yimuphi umuntu okhubazekile.

(5) Isicelo sokusizwa nesokugcwalisa iphepha lokuvota njengoba kuhlangozwe esigabeni somthetho 14(3) siyokwenziwa ngasese endaweni ehlonzwe yisikhulu sokhetho sesikole ngenxa yaleyo nhloso kodwa kube sendaweni okubanjelwe kuyona ukhetho.

(6) Isikhulu sokhetho sesikole kumele singawemukeli amaphepha okuvota -

(a) afakwe iziphambano (x) eziningi ngaphezu kwezikhala ezikhona esigungwini esilawulayo; noma

(b) anagama lomuntu noma anamagama abantu abangaphakanyisiwe.

(7) Uma bonke abavoti sebevotile, isikhulu sokhetho sesikole kanye nomsizi wesikhulu sokhetho sesikole kumele babale amavoti akhona bekanye nabaqaphi abathathu abaqokwe yilabo abethamele umhlangano, ukuthi baqaphe ukubalwa kwamavoti.

(8) Uma kuba nokulingana kwamavoti phakathi kwababili abaphakanyisiwe emva kwezikhawu ezimbili zokuvota, isikhulu sokhetho sesikole kumele sicingqe uhlamvu lwemali ophumelele aqokwe ngokuthi uhlamvu luhlale ngaluphi uhlangothi.

(9) Isikhulu sokhetho sesikole kumele simemezele imiphumela emhlanganweni wokhetho bese sidalula abaphakanyisiwe abathole amavoti amaningi njengamalungu aseqokelwe esigungwini esilawulayo.

(10) Isibalo samavoti atholwe umuntu kulolu khetho asinqumi umphumela wokhetho lwabazokuba sezikhundleni ngokwesigaba somthetho 15.

#### **Ukhetho lwabazongena ezikhundleni**

15.(1) Isikhulu sokhetho sesikole singabiza umhlangano ngenhloso yokuqoka abazongena ezikhundleni kuphela ngosuku lomhlangano wokhetho lwabazali uma –

(a) ukhetho lothisha, lwabangesibona othisha nolwabafundi lubanjwe ngaphambi kokhetho lwabazali;

- (b) isaziso sezinsuku ezingama-21 ngokwesigaba somthetho 9(2) sanikezwa abazali, othisha, abangesibona othisha kanye nabafundi abasemkhandlwini omele abafundi ukubazisa ukuthi umhlangano wokhetho lwabazongena ezikhundleni uzobanjwa ngosuku lomhlangano wokhetho lwabazali; futhi
- (c) kuhanjswene nezidingo zokuba khona kwesibalo esanele sabantu abangabamba umhlangano.
- (2) Uma umhlangano wokukhetha abazongena ezikhundleni ungabanjwanga ngokwesigaba somthetho 15(1) isikhulu sokhetho sesikole kumele sibize umhlangano wokuqala wesigungu esilawulayo ezinsukwini ezingama-21 kusukela osukwini lokubanjwa kokhetho lwabazali.
- (3) Isikhulu sokhetho sesikole sengamela noma imuphi umhlangano obizelwe ukhetho lwabazongena ezikhundleni.
- (4) Emhlanganweni wokuqala wesigungu esiphethe amalungu kumele akhethe ngokusebenzisa iphepha lokuvota eliyimfihlo –
- (a) usihlalo;
  - (b) usekela kasihlalo;
  - (c) umgcinimafa; kanye
  - (d) nonobhala.
- (5) Ilungu elingumzali kuphela, elingaqashiwe esikoleni elifanelekile esikhundleni sokuba ngusihlalo noma usekela kasihlalo esigungwini esilawulayo.
- (6) Isikhathi sokuba sesikhundleni kwabazongena ezikhundleni siwunyaka owodwa.
- (7) Uthishanhloko angaqoka ilungu kubasebenzi bakhe ukwelekelela umgcinimafa kanye nonobhala wesigungu esilawulayo.
- (8) Uma kwenzeka nganoma yisiphi isizathu kuba nesikhala esikhundleni esisodwa, isigungu esilawulayo, emhlanganweni wokuqala ngemuva kokuvela kwesikhala, kumele siqoke oyedwa wamalungu aso ukugcwalisa lesi sikhala isikhathi esisasele salowo oshiyile.
- (9) Osesikhundleni angaphinde aqokwe kabusha uma kuphela isikhathi sakhe sokuba kuleso sikhundla.

(10) Uthishanhloko ezinsukwini eziyi-14 emva kokhetho kumele azise iNhlolo yoMnyango nganoma yiluphi uguquko lwabasezikhundleni futhi kumele ayihlinzeke ngemininingwane yalabo abangene ezikhundleni kubandakanya amagama, izinombolo zomazisi, izinombolo zezingcingo, izinombolo zefeksi namakheli kanye nama-imeyli.

(11) Ezinsukwini eziyi-14 kubanjwe ukhetho, abasezikhundleni zesigungu esilawulayo sesikole asebephuma kumele badlulisele kwabasha abangene ezikhundleni yonke imibhalo emayelana nesigungu esilawulayo sesikole futhi abaphathizihlalo bezinhlangothi zombili kumele babanikeze isitifiketi sokudluliselwa kwamandla esisayinwe.

### **Ukuxazululwa kokungaboni ngaso linye**

16.(1) Umvoti noma umuntu obephakanyisiwe ngesikhathi kukhethwa isigungu esilawulayo angadlulisela isikhalo sakhe noma ukungeneliseki kwakhe ngokubhalwe phansi esikhulwini sokhetho sesifunda ezinsukwini eziyisikhombisa ngemuva kokhetho uma izinqubo ezibekiwe zingazange zilandelwe ngesikhathi kunomhlangano wokhetho.

(2) Nanoma yimuphi umuntu onolwazi oluthile nganoma yikuphi okungazange kuhambe ngendlela mayelana nokhetho angazisa isikhulu sokhetho sesifunda ngokubhalwe phansi ngalokho okungahambanga ngendlela ezinsukwini eziyisikhombisa kudlule ukhetho.

(3) Uma sithola isikhalo, noma ulwazi olumayelana nokungazange kuhambe ngendlela, isikhulu sokhetho sesifunda siyoqoka usekela waso noma umsizi wesikhulu sokhetho sesifunda ukuthi aqhube uphenyo futhi enze izincomo.

(4) Isikhulu sokhetho sesifunda kungathi ngemuva kophenyo, simemezele ukhetho njengolungekho semthethweni futhi singamema ukuthi kuqokwe kabusha uma senelisekile ukuthi –

- (a) inqubo ebekiwe ayizange ilandelwe;
- (b) okungahambanga ngendlela kwenziwa ngesikhathi kuqhutshwa ukhetho; futhi
- (c) umphumela wokhetho ubuyokwehluka ukube inqubo ebekiwe ibilandeliwe.

(5) Nanoma yimuphi umuntu ongenelisekile ngesinqumo sesikhulu sokhetho sesifunda angakhalaza mayelana naleso sinqumo kwiNhlolo yoMnyango ezinsukwini eziyi-14 kwamukelwe isinqumo esivela esikhulwini sokhetho sesifunda.

(6) INhlolo yoMnyango kumele –

- (a) ezinsukwini eziyisikhombisa sithole isikhalo isidlulisele esikhulwini sokhetho sesifundazwe;

(b) icele isikhulu sokhetho sesifundazwe ukuthi siphenye futhi silungise umbiko kanye nezincomo ezinsukwini eziyi-14 kudluliselwe isikhalo esikhulwini sokhetho sesifundazwe;

(c) ibheke umbiko ohlongozwe esigabeni somthetho 6(b), ithathe isinqumo bese yazisa ofake isikhalo nesikhulu sokhetho sesifunda ngesinqumo sayo ezinsukwini eziyi-14 ithole umbiko ovela esikhulwini sokhetho sesifundazwe.

(7) Isinqumo seNhloko yoMnyango siyokuba ngujuqu.

(8) Ngesikhathi kusalindwe umphumela wokuxazululwa kokungaboni ngaso linye, iNhloko yoMnyango kumele iqoke abantu abafanele ukuqhuba imisebenzi yesigungu esilawulayo isikhathi esingeqile ezinyangeni ezintathu.

### **Inqubo ngemva kokhetho**

17. Emva kokhetho lwamalungu esigungu esilawulayo, isikhulu sokhetho sesikole kumele –

(a) sibhalele ilungu ngalinye eloqokiwe ngokuqokwa kwalo futhi lesa saziso kumele sithunyelwe ngefeksi, ngeposi, nge-imeyili noma sihanjiswe ngesandla;

(b) sazise isikhulu sokhetho sesifunda ngokubhaliwe mayelana neminingwane yokhetho kubandakanya usuku lokhetho, amagama, izinombolo zomazisi, izinombolo zezingcingo, izinombolo zamafeksi kanye namakheli awo wonke amalungu aqokiwe;

(c) sigcine zonke izincwadi, kubandakanya amaphepha okuvota asetshenzisiwe kulolo khetho ezimvilophini futhi sivale lezo zimvilophu;

(d) ezinsukwini eziyi-5 emva kokhetho sinikeze uthishanhlolo yonke imibhalo emayelana nokhetho ukuze ayigcine kahle.

### **Ukhetho lokuchibiyela**

18.(1) Uma kuvela isikhala ngenxa yokushiya kwanoma yiliphi ilungu esigungwini esilawulayo singakapheli isikhathi salo sokuba sesikhundleni, isikhulu sokhetho sesikole kumele sibambe ukhetho lwelungu elisha elizongena esikhundleni selungu elishiyile.

(2) Uma isikhala sivela kusasele izinyanga ezingaphezu kweziyisithupha ngaphambi kokuthi kuphele isikhathi sokuba sesikhundleni kwesigungu esilawulayo, isikhulu sokhetho sesikole

kumele sibambe ukhetho lokuchibiyela ngokulandela izinqubo ezibekwe ezigabeni zomthetho 9 no 14.

(3) Isikhulu sokhetho sesikole kumele sihlele umhlangano wokhetho ezinsukwini ezingama-90 kuvele leso sikhala futhi ngesikhathi kusalindwe ukhetho lokuchibiyela isigungu esilawulayo singengeza amalungu.

(4) Uma isikhala sivela ngenxa yokushiya kwelungu sekusele izinyanga ezingaphansi kweziyisithupha kuphele isikhathi sokuba sesikhundleni kwesigungu esilawulayo, amalungu asele kumele –

(a) engeze, ngevoti leningi, umuntu ozogcwalisa leso sikhala noma abantu abazogcwalisa lezo zikhala kuleso sikhathi esisasele sokusebenza kwesigungu esilawulayo; futhi

(b) abazali, othisha, abangesibona othisha kanye nabafundi kumele benze izincomo ngamagama abantu okungenani abathathu abafanelekile abangaqokwa esigungwini esilawulayo futhi isigungu esilawulayo kumele sengeze kulawo magama aphakanyisiwe.

(5) Ilungu elengeziwe okukhulunywe ngalo ezigatshaneni zomthetho (3) no (4) lithatha amalungelelo okuvota elungu elishiyile, uma ekhona.

### **Isigungu esilawulayo esisebenza phakathi kwezikoleni ezimbili noma ngaphezulu**

**19.(1)** Isigungu esengamele izikole ezimbili noma ngaphezulu kumele sibe namalungu alandelayo:

(a) abazali abaqokwe ngabazali babafundi abafunda esikoleni ngasiye okuqokwa kusona isigungu esilawulayo, esinomzali oyedwa ngaphezu kwesibalo esihlanganisiwe sabaphakanyiselwe ukuqokelwa esigungwini esilawulayo;

(b) uthisha oyedwa oqokwe abanye othisha abaqashwe esikoleni ngasiye okuqokwa kusona isigungu esilawulayo;

(c) oyedwa ongesiyena uthisha oqokwe abangesibona othisha esikoleni ngasiye okuqokwa kusona isigungu esilawulayo;

(d) abafundi ababili abaqokwe emkhandlwini omele abafundi esikoleni ngasinye kusukela ebangeni lesi-8 noma ngaphezulu;

(e) othishanhloko balezi zikole ngokwezikhundla zabo ezisemthethweni;

(f) oyedwa omele umkhakha ngamunye ohlongozwe esigabeni somthetho 2(1)e, f, g, h no j;

(g) amalungu engeziwe, uma ekhona.



(2) Isibalo sabantu abengeziwe njengoba kuhlangozwe esigabeni somthetho (1)(g) angeke seqe kwabahlanu.

(3) Ukhetho lwabazongena ezikhundleni esigungwini esilawulayo sesikole esengamele izikole ezimbili noma ngaphezulu kumele lulawulwe isikhulu sokhetho sesikole esikhulu.

(4) Isikhulu sokhetho sesikole kumele sibambe umhlangano wokhetho lwabazongena ezikhundleni emva kwezinsuku ezingama-21 isikole sokugcina (sezinye zezikole) sibe nomhlangano wokhetho wabazali.

(5) Zonke izindaba eziphathelene nokhetho lwesigungu sesikole njengoba ziqukethwe kulesi Saziso, ziyosetshenziswa esigungwini esilawulayo esengamele izikole ezimbili noma ngaphezulu.

#### **Usuku lokhetho**

**20.(1)** Isikole ngokunquma kwesigungu saso esilawulayo singabamba ukhetho ngosuku lokhetho esikhundleni sokubamba umhlangano wokhetho uma kunezizathu eziphoqayo.

(2) Uma isigungu esilawulayo sesikole siquma usuku lokhetho, uthishanhloko wesikole kumele –

- (a) okungenani kusasele izinsuku ezingama-21 akhiphe isaziso sokhetho, afake isicelo esikhulwini sokhetho sesifunda acele kuso imvume yokunquma usuku lokhetho;
- (b) anikeze izizathu ezisemqoka ngesinqumo sokungenela ukhetho oluzothatha usuku lonke esikhundleni sokubamba umhlangano wokhetho;
- (c) anikeze isiqiniseko sokuthi kuzoba khona abaqaphi kanye nethimba lezokhetho usuku lonke;
- (d) anikeze isiqiniseko sokuthi zonke izinto ezisetshenziselwa uhlelo lokwenza iziphakamiso kanye nokhetho zizotholakala;
- (e) anikeze isiqiniseko sokuthi uhlelo lokufunda nokufundisa esikoleni angeke luphazamiseke ngenxa yokhetho oluzobanjwa usuku lonke.

(3) Ngaphambi kokunikeza noma isiphi isikole imvume yokubamba ukhetho usuku lonke, isikhulu sokhetho sesifunda kumele sidlinze ngezinhlinzeko zesigaba somthetho 20(2) futhi sigculiseke ukuthi isikole sihlangebezene nalezo zinhlinzeko.

- (4) Isinqumo esithathwe isikhulu sokhetho sesifunda kumele sidluliselwe esikoleni okungenani ezinsukwini eziyi-14 isikole sifake isicelo.
- (5) Isikhulu sokhetho sesikole kumele ngaphambi kosuku lokhetho siqinisekise ukuthi –
- (a) isikole sinencwadi yemvume yokuqhuba ukhetho ephuma ehovisi lokhetho lesifunda;
  - (b) uhlelo losuku lokhetho lumi ngomumo;
  - (c) bonke abaphakanyisiwe bayithumele imininingwane yabo esikoleni ukuze ibekwe obala esikhungweni sokuvota;
  - (d) isikhathi sokuvala sizovumela ukuthi ababhekele ukugcinwa komthetho kanye nethimba lokhetho bagoduke bephephile;
  - (e) uma sekuvalwa, isikole sizobe sinaye umuntu okhona lapho kuvotelwa khona ukuze agcine yonke imibhalo ebisetshenziselwa ukhetho iphephile.

### **Iziphakamiso**

**21.(1)** Izikole ezinqume ukuba nosuku lokhetho esikhundleni sokubamba umhlangano wokhetho kumele zilandele lolu hlelo lokwenza iziphakamiso –

- (a) isikhulu sokhetho sesikole kumele sibhale izaziso zomhlangano wokwenza iziphakamiso futhi kumele sinqume usuku, indawo kanye nesikhathi somhlangano;
  - (b) isaziso somhlangano wokwenza iziphakamiso wabazali kufanele sikhishwe futhi sibekwe ezindaweni ezisobala esikoleni nasezindaweni zomphakathi okungenani kusasele izinsuku ezingama-21 ngaphambi kosuku lokhetho.
- (2) Uthishanhloko kumele aqinisekise ukuthi –
- (a) isaziso somhlangano wokwenza iziphakamiso kanye nefomu yabantu abaphakanyisiwe kunikezwa bonke abafundi okungenani kusasele izinsuku ezingama-21 ngaphambi kosuku lokhetho oluhlongoziwe, uyalela ngomlomo abafundi ukuthi banikeze abazali isaziso kanye nefomu;
  - (b) uma kungenjalo, isaziso kanye nefomu yabantu abaphakanyisiwe kuthunyelelwa kobo bonke abazali babafundi ngeposi okungenani kusasele izinsuku ezingama-21 ngaphambi kosuku lokhetho; noma
  - (c) kusetshenziswa zombili lezi zindlela: Inqobo nje uma zingeke zibeke abazali kanye namalungu omphakathi engcupheni; futhi
  - (d) isaziso kanye nefomu yabantu abaphakanyisiwe uma kunokwenzeka ibhalwe ngolimi umfundi alusebenzisa esikoleni nangolimi alusebenzisa ekhaya ukuqinisekisa ukuthi kutholakala isibalo esigcwele sabazobambiqhaza.

(3) Isaziso kumele sazise abazali ngokuthi ifomu yabantu aphakanyisiwe kufanele igcwaliswe futhi isayinwe ngozongenela ukhetho, ophakamisayo kanye nomvuni bese ibuyiselwa esikoleni okungenani kusasele izinsuku eziyi-14 ngaphambi komhlangano wokwenza iziphakamiso futhi kumele ibe neminingwane ehlongozwe esigabeni somthetho 21(6).

(4) Ngesikhathi somhlangano wokwenza iziphakamiso, isikhulu sokhetho sesikole kumele sigxile ohlelweni lweziphakamiso oluhlongozwe esigabeni somthetho 13(1), (2), (3) no (4).

(5) Ongenele ukhetho angaphakanyiswa kuphela futhi avunwe ngumuntu osohlangothini olufanayo nalolo ayilungu kulo.

(6) Isikhulu sokhetho sesikole kumele siqinisekise ukuthi nanoma yimuphi umuntu ofanelekile ukuphakanyiswa futhi ofuna ukuphakanyiswa, ukhululekile ukubambiqhaza ohlelweni lweziphakamiso futhi lowo muntu kumele alethe iminingwane yakhe –

- (a) enesibongo negama lakhe;
- (b) enamagama kanye namabanga ezingane zakhe ezifunda esikoleni;
- (c) echaza ngomsebenzi awenzayo nesipiliyoni noma amakhono omsebenzi anawo;
- (d) enesitatimende esibeka ukuthi ungofanelekile ukuba yilungu lesigungu esilawulayo njengoba kuhlongozwe esigabeni somthetho 4; kanye
- (e) nesitatimende esibeka kafishane umbono anawo ngesikole.

(7) Emhlanganweni wokwenza iziphakamiso, isikhulu sokhetho sesikole kumele sicele bonke abaphakanyisiwe ukuthi balethe yonke iminingwane yabo.

(8) Emva kokuphakanyiswa kwabantu, isikhulu sokhetho sesikole kumele sicubungule iziphakamiso futhi sichithe ukuphakanyiswa kwanoma ngubani ongenele ukhetho –

- (a) ongazange aphakanyiswe;
- (b) ongafanelekile ukungenela ukhetho; futhi
- (c) ongazange agcwalise futhi athumele ifomu yeziphakamiso kanye neminingwane edingekayo.

(9) Uma isibalo sonke sabantu abaphakanyisiwe singaphansi kwesibalo samalungu adingeka esigungwini esilawulayo, kumele kuthunyelwe isaziso kubazali sokuthi bacelwe ukuthi baphinde baphakamise amagama abanye abantu.

(10) Uma isibalo sabantu abaphakanyisiwe silingana nesibalo samalungu adingeka esigungwini esilawulayo, isikhulu sokhetho sesikole kumele simemezele ukuthi bonke abantu abaphakanyisiwe sebengamalungu afanelekile nokuthi asisekho isidingo sokuba nosuku lokhetho.

(11) Uthishanhloko okungenani kusasele izinsuku eziyi-7 emva kohlelo lweziphakamiso kumele abhalele abazali abazise ngemiphumela yokhetho ehlongozwe esigabeni somthetho 21(10) futhi azise abazali nokuthi asisekho isidingo sokuba nosuku lokhetho.

(12) Uma isibalo sabantu abaphakanyisiwe singaphezulu kwesibalo esidingekayo esigungwini esilawulayo, uthishanhloko kumele abhalele abazali abazise ngamagama nangemininingwane yabantu iziphakamiso zabo ezamukeliwe nangosuku lokhetho okuyovotwa ngalo ngephepha lok uvota eliyimfihlo.

(13) Uthishanhloko kumele avezele abazali imininingwane yabaphakanyisiwe okungenani kusasele izinsuku eziyi-7 ngaphambi kosuku lokhetho.

(14) Akekho umuntu oyoza ukuhlela uhlelo lweziphakamiso ngendlela yokuthi kuphakanyiswe isibalo sabantu abadingekayo kuphela ukuze ukhetho lungabe lusabanjwa futhi lowo mzamo uyothathwa njengokungahambisani nomthetho wezokhetho njengoba kuhlongozwe esigabeni somthetho 16.

### **Usuku lokhetho**

22.(1) Kuyovotwa ngephepha lokuvota eliyimfihlo futhi lolu hlelo lokuvota olulandelayo kumele lusetshenziswe:

- (a) yibona bonke abavoti abafanelekile amagama abo atholakala ohlwini lwabavoti kanti ayesulwa ohlwini uma sebevotile;
- (b) umvoti ofanelekile onakho konke okudingekayo futhi ongadingi ukusizwa, kumele avote aqede emizuzwini emihlanu noma engaphansi kwalokho;
- (c) abavoti abadinga usizo oluyisipesheli, njengabantu abadala, abakhubazekile noma abesifazane abakhulelwe basizwa ngaphandle kokubandlulula abanye abavoti;
- (d) abavoti amagama abo angaveli ohlwini lwabavoti lwaleso sikole angeke bavunyelwe ukuthi bavote;
- (e) yonke imisebenzi ephathelene nokuvota yenzelwa bonke abavoti abafanelekile abafike esikhungweni sokuvota (isibonelo: igama lomvoti liyesulwa ohlwini uma esevotile);

- (f) akekho umvoti ovumeleke ukuvota uma ngesikhathi sokuhlolwa kwezinto eziphathelene nokuvota kutholakale ukuthi ungumuntu ongafanelekile;
- (g) bonke abavoti banikezwa iphepha lokuvota elifanele;
- (h) izikhalo noma ukungenliseki mayelana nosizo oluhlinzekwa abavoti abangakwazi ukufunda nokubhala noma abangaboni zibhekwa ngokushesha;
- (i) uhlelo lokuvota kanye nabasebenzi luqashwe ngendlela yokuthi luhlinzeke ngolwazi oluyilo ngokugcina amarekhodi ukuze kungenelelwe uma kunesidingo;
- (j) ukungenliseki okuvela kubavoti kuyaqoshwa futhi kuthathwe izinqumo ngokulandela inqubo yokuxazulula ukungaboni ngaso linye;
- (k) ukuxoxisana nabavoti, abasebenzi kanye nababambe iqhaza, nalabo abangalibambile iqhaza, ukuhlonishwa kwesithunzi sabantu nokugqugquzela ukubekezelelana;
- (l) izinkinga ezikhona nezingabakhona ziyahlonzwa ziphinde zicutshungulwe ukuthi zingaba nomthelela ongakanani ohlelweni lokuvota kubhekwe nezisombululo ezingasetshenziswa;
- (m) ukuxazululwa kwezinkinga kuncike ezimweni futhi kuyasiza ukubhekana ngqo nezingkinga ngendlela efanele;
- (n) indlela yokuxazulula izinkinga igqugquzela ukusebenza kahle kwesikhungo sokuvota, iqinisa imigomo yokhetho olukhululekile nolungachemile futhi noma ngayiphi indlela inika umvoti ofanelekile ithuba lokuvota;futhi
- (o) uhlelo lokuvota kanye nezinqubo ezisetshenziswayo zivulelekile kubagcini bomthetho abazoqapha uhlelo lokuvota ngaphandle kokuphazamisa ukhetho.

(2) Isikhulu sokhetho sesikole singakwazi ukuthola elinye ibhokisi lokufaka amavoti uma lingekho ibhokisi elisemthethweni lokufaka amaphepha okuvota, kodwa ibhokisi kumele livalwe thaqa ngemva kokuthi ababhekele ukugcinwa komthetho sebenelisekile ukuthi alinalutho phakathi.

#### **Ukubalwa kwamavoti kanye nesibalo esivumelekile**

**23.(1)** Isikhulu sokhetho sesikole kumele sinqume isikhathi okuzobalwa ngaso amavoti kodwa ukubalwa kwamavoti kumele kwenziwe ngosuku lokhetho emuva kokuba sekuqediwe ukuvota.

(2) Isikhulu sokhetho sesikole kumele siqinisekise amaphepha okuvota afinyelela esibalweni esingamaphesenti ayi-15 ukuze kuqalwe ukubala, uma kungenjalo, ukubalwa kwamavoti kufanele kumiswe kunqunywe olunye usuku lokuvota futhi kumele leso sinqumo saziswe umgwamanda wabazali ezinsukwini eziyi-7.

(3) Uma isibalo esivumelekile njengoba kuhrongozwe esigabeni somthetho 12 kungafinyelelwa kusona emhlanganweni ohlongoziwe olandelayo, isigungu sesikole esilawulayo kumele sibhalelele isikhulu sokhetho sesifunda sisazise ngomphumela wokhetho bese sicela imvume yokubamba ukhetho ngomhlangano wokhetho.

(4) Uma isikhulu sokhetho sesikole sinikeza imvume yokubamba umhlangano wokhetho, zonke izinhlinzeko eziphathelene nokubamba umhlangano wokhetho ziyosebenza.

(5) Uma amavoti efinyelela esibalweni esingamaphesenti ayi-15, isikhulu sokhetho sesikole kumele siqinisekise ukuthi –

- (a) ukubalwa kwamvoti luvulelekile kwababhekele ukugcinwa komthetho nakulabo abangenele ukhetho;
- (b) konke ukunganeliseki ngokubalwa kwamavoti kurekhodwa ngokucophelela;
- (c) igama lomuntu ngamunye ongenele kanye nesibalo samavoti afakwe kumuntu ngamunye amenyezelwa ababhekele ukugcinwa komthetho;
- (d) ifomu lamavoti asebaliwe liyagcwaliswa; kanye
- (e) nokuthi isiliphu semiphumela yokhetho sisayiniwe.

(6) Uma isibalo samavoti arekhodiwe abantu abangenele ukhetho ababili noma ngaphezulu silingana futhi siphazamisa imiphumela yokuvota, isikhulu sokhetho sesikole siyoqinisekisa ngokugingqa uhlamvu lwemali ukuhlonzwa kodle umhlanganiso. Lokhu kufanele kwenziwe ngendela evulelekile nangokuvumelana nabantu abangenele ukhetho.

(7) Isikhulu sokhetho sesikole kumele silichithe iphepha lokuvota –

- (a) elingenaso isigxivizo sesikole;
- (b) elinamavoti amaningi arekhodwe ngaphezu kwesibalo sabantu abangenele ukhetho; futhi
- (c) uma ligcwaliswe ngendlela yokuthi akusacaci ukuthi belivotele bani kubantu abangenele ukhetho.

(8) Uma isikhulu sokhetho sesikole sichithe iphepha lokuvota njengoba kuhrongozwe esigabeni somthetho 22(4) kumele sichazele bonke abantu abangenele ukhetho abakhona lapho futhi siphinde sinikeze ithuba labo abangenele ukhetho lokuthi bahlale iphepha levoti elichithiwe uma befisa ukwenze njalo.

(9) Nanoma yimuphi umvoti okhona lapho kumele anikezwe ithuba lokuphikisa isinqumo

sesikhulu sokhetho sesikole ngesikhathi sibala noma sichitha iphepha levoti kodwa lokho kungeneliseki angeke kuze kuguqule isinqumo esithathwe isikhulu sokhetho sesikole.

(10) Irekhodi lalokho kungeneliseki kumele ukuthi libhalwe ngemuva kwalelo phepha lokuvota, nasembikweni wokhetho owenziwa isikhulu sokhetho sesikole.

(11) Uma kwenzeka kuba nokungaboni ngaso linye isikhulu sokhetho sesikole esehluleka ukukuxazulula, kumele kulandelelwe uhlelo lokuxazulula ukungaboni ngaso linye oluhlongozwe esigabeni somthetho 16.

(12) Zonke izimvilophu, amabhokisi kanye namabhokisi okufaka amavoti kumele abhalwe ngamagama amakhulu isikhulu sokhetho sesikole futhi siphinde sibhale usuku lokhetho kanye nokuphakathi.

#### **Ukusetshenziswa kwalesi saziso**

**24.(1)** Ngaphandle uma kuhlinzekwe ngenye indlela kulesi saziso, zonke ezinye izindaba ezihlinzekelwe kulesi saziso eziphathelene nokhetho lwezigungu ezilawulayo kufanele ziyosebenza ezikoleni ezinqume ukuba nosuku lokhetho.

#### **Ukuhlakazwa kwesigungu esilawulayo**

**25.(1)** ILungu loMkhandlu oPhethe lingahlakaza isigungu esilawulayo uma –

- (a) isikole singasebenzi, sivaliwe, ingxenye yaso ihlakazwa, sibeka engozini impilo noma ukuphepha kwanoma yimuphi umuntu kuleso sikole;
- (b) isikole sihlanganiswa nesinye, sivalwa, sihlukaniswa noma uma sihlelwa kabusha;
- (c) linombono wokuthi isigungu esilawulayo asisamele umphakathi okusungulwe kuwona isikole;
- (d) ukungaphathwa ngendlela efanele kwesikole kwenza ukuthi kungasebenzeki futhi ukufunda nokufundisa kungeke kusaqhubeka esikoleni.

(2) Uma isibalo esingekho ngaphansi kwamaphesenti ayi-15 sabazali abasohlwini lwabazali abavotayo emhlanganweni wabazali sivumelana ngokuthi asisasethemi isigungu esilawulayo, iLungu loMkhandlu oPhethe lingasihlakaza isigungu esilawulayo.

(3) ILungu loMkhandlu oPhethe lingahlakaza nanoma yisiphi isigungu esilawulayo sesikole esenza ukuthi isikole singabe sisakwazi ukulawuleka, ukusebenza nanoma ingasiphi isizathu elisibona sifanele nangokubhekelela ezemfundo esiFundazweni.

(4) ILungu loMkhandlu oPhethe angeke lisihlakaze isigungu esilawulayo ngaphandle kokwazisa isigungu esilawulayo sesikole ngenhloso yalo, kokunikeza isigungu esilawulayo sesikole ithuba lokuziphendulela nelokucubungula ngokucophelela isinqumo salo.

#### **Ukudluliselwa kwamandla**

26. INhloko yoMnyango ingadlulisela ejutshelwe kona, imisebenzi amandla ekunikezwe ngokwalesi saziso kumsebenzi oqashwe uMnyango.

#### **Ukuchithwa kwesaziso**

27. ISaziso sesiFundazwe No. 99 sika 2009 esashicilelwa mhla zingama-29 kuNhlaba 2009 *kwiGazethi eyiSipesheli yesiFundazwe saKwaZulu-Natali* ngalokhu siyachithwa.

#### **ES MCHUNU**

iLungu loMkhandlu oPhethe esiFundazweni saKwaZulu-Natali elibhekele ezeMfundo



No. 17

10 Februarie 2012

**WET OP SUID-AFRIKAANSE SKOLE, 1996 (WET NO. 84 VAN 1996)****KENNISGEWING TEN OPSIGTE VAN VERKIESING VAN LEDE VAN BEHEERLIGGAME  
VIR GEWONE STAATSKOLE  
(UITSLUITEND SKOLE VIR LEERDERS MET SPESIALE ONDERWYSBEHOEFTE)**

Ek, EDWARD SENZO MCHUNU, Lid van die Uitvoerende Raad verantwoordelik vir Onderwys in die Provinsie van KwaZulu-Natal, het ingevolge artikel 28 van die Wet op Suid-Afrikaanse Skole, 1996 (Wet No. 84 van 1996), soos gewysig, aangeleentheid bepaal wat verband hou met skoolbeheerliggame soos vervat in hierdie bylae.

**BYLAE****Omskrywings**

1. In hierdie kennisgewing het enige woord of uitdrukking waaraan 'n betekenis in die Wet geheg word, daardie betekenis tensy uit die konteks anders blyk, en beteken –

“**dag**” kalenderdag;

“**Departement**” die KwaZulu-Natal Departement van Onderwys;

“**Departementshoof**” die Departementshoof van Onderwys in die Provinsie van KwaZulu-Natal;

“**eerste vergadering**” 'n vergadering gehou uitsluitlik vir die verkiesing van ampsdraers;

“**gekoöpteerde lede**” lede –

(a) sonder stembevoegdhede gekoöpteer vir hul kundigheid; en

(b) met stembevoegdhede gekoöpteer om vertrekkende lede wat nie hul ampstermyn voltooi het nie, te vervang;

“**geslote vergadering**” 'n vergadering wat slegs oop is vir –

(a) ouers vir die verkiesing van ouers;

(b) opvoeders vir die verkiesing van opvoeders;

(c) nie-opvoeders vir die verkiesing van nie-opvoeders; en

(d) leerders van die verteenwoordigende raad van leerders;

“**kieser**” ouer in die ouerkomponent, opvoeder in die opvoederkomponent, nie-opvoeder in die nie-opvoederkomponent en leerder van die verteenwoordigende raad van leerderskomponent;

“**Lid van die Uitvoerende Raad**” die lid van die Uitvoerende Raad verantwoordelik vir Onderwys in die Provinsie KwaZulu-Natal;

“**nie-opvoeder**” enige ander personeellid buiten 'n opvoeder;

“**skool**” 'n gewone staatskool wat leerders in een of meer graad vanaf graad 0 tot graad 12 laat inskryf;

“**skoolverkiesingsbeampte**” 'n skoolhoof, waarnemende skoolhoof of 'n beampte wat nie by die skool in diens is nie, wat deur die departementshoof aangestel is om skoolbeheerliggaamverkiesings te hou;

“**verkiesingsdag**” 'n volle dag opsygesit deur 'n skoolbeheerliggaam vir doeleindes om verkiesings vir 'n skoolbeheerliggaam te hou in plaas van om 'n verkiesingsvergadering te hou;

“**verkiesingsvergadering**” –

